# U-SARS UYAWEMUKELA UMYALELO WENKANTOLO MAYELANA NOKWENYUKA KWESILINGANISONANI SENTELA YENTENGO ESASIMENYEZELWE UKUBA SIZOQALA UKUSEBENZA MHLA LU-1 NHLABA 2025

**Tshwane, 27 kuMbasa 2025 -** UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS), uMnu. Edward Kieswetter, usamukele isivumelwano phakathi kwezinhlaka ezithintekayo nomyalelo wenkantolo odabeni olumayelana nokwenyuswa kwentela yentengo (i-VAT) ngephesenti elingu-0.5 okwakumenyezelwe ukuba sizoqala ukusebenza mhla lu-1 kuNhlaba 2025, kanye nezinye izindaba.

Lona umyalelo osemqoka njengoba uhlinzeka u-SARS ngengcaciso ukuze usebenze kahle nangempumelelo ekusingatheni uMthetho we-VAT. Uphinde ube nomthelela kubathengi nabathengisi be-VAT abanomsebenzi wokusingatha i-VAT. Okuyilona:

- Umyalelo wenkantolo umisa ukwenyuswa ngephesenti elingu-0.5 okwakumenyezelwe ukuba lizoqala ukusebenza mhla lu-1 kuNhlaba 2025, ngalokho-ke, asikho isizathu sokuba abathengisi be-VAT basebenzise isilinganisonani se-VAT esinyusiwe.
- Kugqugquzelwa bonke abathengisi ukuba balungise izinhlelo zabo zibuyele ku-15%.
- Bonke abathengi bayanxuswa ukuba baqiniisekise ukuthi bahlawuliswe isilinganisonani esiyiso se-VAT esingu-15%. Uma kwenzeka ngephutha behlawuliswa u-15.5%, abathengi kumele bazise umthengisi futhi baqinisekie ukuthi lokhu kuyalungiswa ngenkathi kuthengiselwana noma ngokuvumelana.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za